# *UKUTHETHWA KWECALA*

KuMarku, isahluko 16, siqala ngevesi 9, ngifisa ukufunda. Indikimba enkulu kakhulu kangaka, umayelana novuko.

*Esevukile uJesu kusekuseni ngosuku lokuqala lweviki, wabonakala kuqala kuMariya Magdalena, ayekhiphe kuye amademoni ayisikhombisa.*

*Yena wahamba wababikela labo ababe naye, besalila bekhala.*

*Kwathi bona, sebe. . .zwile ukuthi uyaphila, nokuthi u*bonile. . .*uboniwe nguye, abaze bakholwa.*

*Emva kwalokho wabonakala* ngesinye *isimo kwababili kubo, behamba, beya* e*maphandleni.*

*Nabo bahamba babikela* kwaba*nye: nalabo abaze bakholwa.*

Ngasemuva*, wabonakala kwabayishumi nanye behlezi ekudleni, wabasola ngokungakholwa kwabo nangobulukhuni benhliziyo yabo, ngokuba bengakholwanga yilabo abambonileyo esevukile.*

*Wayesethi kubo, Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo.*

*Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; kepha ongakholwayo uyakulahlwa.*

*Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; Ngegama lami bayakukhipha amademoni; bakhulume ngezilimi ezintsha;*

*Baphathe izinyoka; uma bephuza okubulalayo, akusoze kwaba nangozi; bayakubeka izandla* zabo *phezu kwabagulayo, basinde.*

*Njalo-ke iNkosi isikhulumile kubo, yakhushulelwa ezulwini, yahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu.*

*Kepha bona bephuma,. . .*beshumayela *ezindaweni zonke, iNkosi isebenza nabo,. . .iqinisa izwi ngezibonakaliso ezilandelayo. Amen.*

2 Masikhuleke. Nkosi Jesu, siyasho manje, njengoba sisondela eSihlalweni sikaBaba sobukhosi. Futhi eGameni laKho, sikholwa ukuthi leli yiZwi laKho. Sikholwa yilokhu ukuba ngamaZwi okugcina avela ezindebeni zaKho ngaphambi kokuba Ukhuphukele phezulu. Futhi sicela ukuthi Uzowabusisa ezinhliziyweni zethu kulentambama, ngenxa yalabo abagulayo. SiyaKubonga ngokubiza inombolo enkulu eSihlalweni saKho sobukhosi izolo ebusuku, futhi sibone leyomigqa emikhulu yalabobantu, indoda, abesifazane, obaba, abantwana, omama,

behla ngomugqa futhi bengena kulelogumbi lokukhuleka. SiyaKubonga ngalokho, Baba. Futhi manje sikhulekela ukuthi Uzobanikeza izingcebo zoMbuso waKho, futhi kwangathi kungaba khona ukholo phakathi kwethu kulentambama ukwenza iZwi likaNkulunkulu libe yiqiniso kithi. Futhi nguWe wedwa Ongenza lokhu, Baba, ngakho siyakucela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ningahlala phansi.

3 Manje indikimba yami ngalentambama, ngifuna ukuyithatha, futhi izwakala ixakile kancane. Futhi ngifuna ukuyithatha ngenxa yayizolo, esidlweni sasekuseni, ngihlangane nohlobo olulodwa oluhle kakhulu lwendoda, futhi uhlezi ngemuva kwami manje, ummeli. Futhi besikhuluma ngokuthethwa kwecala, futhi ngokufanayo bekungukuthethwa kwecala okuyinhlekisa, noma into ethile, eyanikezwa iNkosi yethu. Futhi ngi—ngikholwa ngokuqinisekile ukuthi leyondoda iyoba indoda engcono ukuma lapha bese ikufanekisa ngezinkantolo zezwe, ngoba ngikhulume ngaye kusukela ngihlangane naye, futhi yena . . . Bangitshela ukuthi ungummeli omangalisayo, ngakho ngiyazi ukuthi uyoMnika ukuthethwa kwecala okungachemile. Futhi kungukuthi uJesu akazange athole uhlobo olukahle lokuthethwa kwecala . . . Futhi UyiZwi. Sonke siyavumelana kulokho. UyiZwi. Ngakho ngifunde iZwi laKhe, futhi sizobeka iZwi ekuhlolweni kulentambama.

IZwi lisekuthethweni kwecala.

4 Icala lingukuthi, izethembiso zeZwi likaNkulunkulu zimelene nezwe. Futhi imbangela yokubekwa kwecala, ngukuthi, ukwephulwa kwesithembiso. Futhi i . . . Ngicabanga ukuthi ummeli oshushisayo uhlale njalo emelela umbuso. Ngicabanga ukuthi kunjalo. Futhi i . . . uSathane ungummeli oshushisayo, umelela izwe, kulokhu ukuthethwa kwecala. Futhi uMmangalelwa nguNkulunkulu. Futhi uFakazi oVikelayo uMoya oNgcwele. Ngakho ngifuna ukwenza ibandla, inhlangano yebandla, kokubili abasizi bejaji nejaji. Futhi ake sizwe ukuthethwa kwecala manje, njengoba siphakamisa amakhethini esigcawini bese sibona ukuthi sihlezi kuphi.

5 Manje, ningakhohlwa manje, ukuthi i—i . . . esikubonayo lapha kuyimbangela yalokhu kuthethwa kwecala, ingukuthi, iZwi likaNkulunkulu limelene nezwe. Isizathu sokubekwa kwecala, singukuthi, ukwephulwa kwesithembiso, okungukuthi, ukuthi izwe lisho ukuthi uNkulunkulu wenza isithembiso esingelona iqiniso. Lokhu ngukuphulwa kwesithembiso, "Akasigcini isithembiso saKhe." Futhi ummeli oshushisayo kulelicala uSathane, omele izwe. Futhi uMmangalelwa nguNkulunkulu qobo lwaKhe. Futhi uFakazi oVikelayo uMoya oNgcwele.

Futhi manje sicela inkantolo ukuba ithule.

6 Futhi manje ummeli oshushisayo uzobiza ufakazi wakhe wokuqala ukuba ame ebhokisini futhi amfungise. Futhi, manje, unofakazi abathathu kulentambama engifuna ukubasebenzisa, afuna ukubasebenzisa, njalo, kulokhu kuthethwa kwecala. Futhi labofakazi ngoMnu. Angikholwa, olandelayo nguMnu. Mnqikazi, nolandelayo uzobizwa ngoMnu. Angibekezeli. Manje, laba ngofakazi ngokumelene necala, ukuthi, "uNkulunkulu akaligcini iZwi laKhe. IZwi laKhe alisilona iqiniso."

7 Futhi singabona, ngaphambi kokuba siqale ukuthethwa kwecala, ukuthi—ukuthi abaningi bezwe bazama ukusho ukuthi iZwi likaNkulunkulu alisilo iqiniso. Isibonelo, lokhu engisanda kukufunda nje, bengifunda amagama asezanzi kwekhasi akhomba imibhalo kwiScofield. Futhi bengicabanga ngendaba engatshelwa yona ngesinye isikhathi. Ngicabanga . . . angicabangi ukuthi ngake ngayicaphuna, ikakhulukazi kulomhlangano. Kodwa, ukuthi o—owesifazane ngesinye isikhathi wayenomfana omuhle osemusha, wayefuna ukuba ngumfundisi. Ngakho wayethi ukuba ngompofu uhlobo lowesifazane, futhi wayefuna umfana wakhe athole konke ukufunda kwasesikoleni okuhle nokuqeqeshwa angakuthola (okungukuthi, noma yimuphi umama angafuna umfana wakhe, uma abizelwa kokunjengalokho), bekuyoba ukuqeqeshwa okungcono kunakho konke okungatholwa, ngani, wayefuna ukuba abe nakho. Ngakho wamthumela esikoleni senkolo esizedlula zonke ayazi ukuthi amthumelele kuso.

8 Awu, wayekade elapho cishe unyaka, futhi ngolunye usuku unina wathatha ugula okudlovayo, wayesebuhlungwini ngempela. Futhi—futhi baqhubeka befona futhi bethumela amathelegramu. Wayehlala yedwa. Ukuba abizelwe ekhaya ngoba wathatha umkhuhlane onzima ngempela, futhi waqhubekela ekubeni nenyumona ephindeke kabili, futhi wayenokucinana e . . . kwamaphaphu, futhi wayebheke ukuba afe. Inhliziyo yakhe yayibhakuza kabi kakhulu. Ngakho inyanga ethembekile yayenza konke eyayikwazi ukuthi kwenziwa kanjani, ukusindisa impilo yowesifazane, futhi wayelokhu eya ngokuba mubi. Ngakho i—inyanga yathumela ithelegramu kumfo osemusha, futhi yathi, "Yithi gqi ngapha. Bhuka indiza yakho, lapho ongakwazi khona ukufika kumama wakho nganoma yisiphi isikhathi, ngoba ubonakala sengathi useseduzane kakhudlwana nendawo yokufa." Kwase kuthi-ke umfana, ediniwe kakhulu, walungisa izingubo zakhe futhi wayelungiselela ukubamba indiza. Futhi—futhi ithelegramu yabuya ngqo ivela kunina, "Ungezi, ndodana. Sengisindile."

9 Ngakho-ke cishe unyaka kamuva, noma izinyanga eziyisithupha kamuva, ngikholwa ukuthi kwakuyizo, ukuthi wabuyela ekhaya. Futhi emva kokubingelela unina, futhi babenenhlanganyelo ndawonye, wathi, "Mama, kunombuzo owodwa osahlezi engqondweni yami." Wathi, "Ngenkathi

wawugula kakhulu," wayesethi, "awukaze ubhale futhi ungitshele imininingwane. Wavele wathi ususindile, futhi awuzange ungitshele imininingwane yokuthi lokhu kwenzeka kanjani."

10 Wathi, "Ndodana, uyazi ezansi emgwaqweni lapha, khona lapho lesositolo esidala segrosa esasivamise ukuba khona endaweni ethize na?"

"Yebo."

11 "Kunesigejane sabantu ezansi lapho esikhonzela kuleso sakhiwo esincane."

"Yebo," wathi, "ngiyabakhumbula, bangamaPentecostal."

12 Wathi, "Yebo, kunjalo." Wathi, "Ngenkathi ngihlaseleke kakhulu," wathi, "kwakukhona inenekazi elihle lenyukela lapha kimi. Futhi lathi, 'Dadewethu, besisezansi lapho emhlanganweni womkhuleko, futhi saqonda ukuthi ubugula kakhulu, futhi ubunomfana okude le e—esikoleni sezenkolo, futhi ukuba abe umfundisi. Futhi sisakhuleka, iNkosi yembula kithi ukuthi sifanele size ukukukhulekela.' Futhi wathi, 'Awu,'" wathi, "'lokho, lokho kuyoba kuhle.' Wathi, 'Awunankinga uma umfundisi wethu eza futhi ekhuleka na?' Wathi, 'Ngani, ngokuqinisekile qhabo, nenekazi. Ngizojabula,' washo. Ngakho baletha...Udokotela uthe sizoba kahle. Ngakho umelusi uyanyuka, futhi wafunda lomBhalo lapha kuMarku, isahluko 16. Wayesethi, 'Yilokhu iBhayibheli elakusho.'" Ngakho wabeka izandla zakhe phezu kowesifazane futhi wakhuleka, waphuma. Wayesethi, use "philisiwe," washo.

"O," wathi, "Mama!"

Wathi, "Akumangalisi lokho, ndodana na? Cabanga ngalokho!"

13 "O," wathi, "Mama, kusobala lokho kwakungahlobene nokuphulukiswa kwakho." Uthi, "Mhlawumbe enye yemithi inyanga eyayikunike yona ngaphambilini, akuzange nje kwenzeke ngaleso sikhathi."

14 Futhi wathi, "O!" Wathi, "Qhabo, ndodana. Inyanga yayisiyekile ukunginikeza imithi izinsuku ezimbili, wathi akukho lutho eyayingalwenza. Yangibeka nje ngaphansi komoya-mpilo futhi yathi akukho lutho eyayingalwenza. Futhi ngangiya ngokuba mubi kakhulu."

15 "O," wathi, "Mama, ku—kwakungesikhona lokho." Wathi, "Uyabo, labo bangabantu abangakwazi ukufunda nokubhala." Wathi, "Abaqondi ngempela. Bavele nje bafunde iBhayibheli nje." Wathi, "Uyabo?"

Wathi, "Awu, asifanele sikholwe iBhayibheli, ndodana na?"

16 "O, impela." Wathi, "Mama, sifanele siLikholwe, kodwa," wathi, "uyazi, esikoleni," wathi, "safunda ukuthi Lokho lapho

afunda khona lapho kuMarku 16, kusukela evesini le 9 kuqhubeke, Aliphefumulelwe ngisho."

"Awu," wathi, "udumo kuNkulunkulu!"

17 Wathi, "Mama, wenza njengalabobantu." Wayesethi, "Ngani, wona impela umqondo!"

Wathi, "Awu, sthandwa, bengicabanga nje."

Wathi, "Ucabangani na?"

18 Wathi, "Uma uNkulunkulu engangiphilisa ngaleyongxenye yeZwi engaphefumulelwe, Uyokwenzani ngaleyo ephefumulelwe ngempela na?" Ngakho, Lelo, Lelo yi... [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Ngakho-ke sikholwa ukuthi Liphefumulelwe.

19 Ngakho, manje lokhu, sizovumela umshushisi abize ofakazi bakhe, owokuqala ukuma ebhokisini, ukufakaza ngokumelene.

20 Ngisanda kusho lokho nje emizuzwini embalwa edlule, ngoba bengifunda nje, ngenkathi ngifunda lendikimba, uMnu. Scofield usho ukuthi eminye yemibhalo ayikuqukethe Lokho. Kungenzeka ukuthi yilapho leyondaba ivela khona. Kodwa Injalo.

21 Ngakho uMnu. Angikholwa uza ebhokisini, futhi umi ebhokisini manje ukuba afakazele ngokumelana neZwi likaNkulunkulu, ukufakaza ngokumelene naLo. Futhi manje ngenkathi e...Uzoba ngufakazi wokuqala ukuma ngakhona. Manje siyathola ukuthi emva kokuba esefungisiwe, manje isikhalazo sakhe siyilokhu, ukuthi "izithembiso zeZwi likaNkulunkulu azisilona iqiniso ngokuphelele."

22 Manje, bonke labofakazi umshushisi abenyusayo, bazisho ukuba amakholwa. Bonke bazisho ukuba amakholwa, noma, banikeza ubufakazi balokhu, "Besingeke sithamele imihlangano enjalo uma besingesiwo amakholwa." Ngakho ba—basho ukuthi bangamakholwa.

23 Futhi isikhalazo uMnu. Angikholwa asinikezayo ngokumelene neZwi likaNkulunkulu, uzisho ukuthi "uMarku 16 akasilona iqiniso, Ungeke nje waba yiqiniso." Ngokuba yena washo ukuthi ubekade egula isikhathi esithile, futhi unikeza ubufakazi bakhe manje ukuthi wayegula isikhathi esithile, futhi wa "ya emhlanganweni othiwa okaMoya oNgcwele lapho abantu babebeka izandla phezu kwabagulayo, futhi bazisho ukuthi babephulukiswa." Ngakho wangena kulomugqa womkhuleko, futhi lapho enza...Wayekade egula kakhulu isikhathi esithile, futhi yena "wakhulekelwa yiloMoya oNgcwele (okuthiwa uMoya oNgcwele) isigejane sabantu ababememeza futhi bebanga imisindo, futhi bezisho ukuba baphulukiswa." Futhi uMnu. Angikholwa wadlula kulomugqa, waba nezandla zibekwe phezu kwakhe, "Futhi lokho kwakungaphezu kwezinyanga ezimbili ezedlule, futhi akukaze kube khona uphawu olulodwa

lokululama." Ngakho usho ukuthi "iZwi likaNkulunkulu, leyo ngxenye, ayisilo iqiniso."

24 Manje, ngakho umshushisi wehlisa ufakazi wakhe wokuqala, unyusa ufakazi wakhe olandelayo ukuba ame ebhokisini. Futhi ufakazi olandelayo uyenyuka, nguMnu. Mnqikazi. Uyafungiswa, uma ebhokisini. Manje, uzisho ukuthi uyikholwa, futhi yena "wezwa edolobheni ukuthi babenebandla lapho babenomelusi owethembekile, othiwa indoda emesabayo uNkulunkulu, ngakho ibandla lisho njalo. Futhi lendoda yawukholwa umBhalo, isho njalo. Futhi yakhulekela abagulayo futhi yabagcoba ngamafutha. Futhi yafunda isahluko salokhu eBhayibhelini, kuJakobe isahluko 5, ivesi 14, 'Ukhona phakathi kwenu ogulayo? Makabize amalunga ebandla, mababagcobe ngamafutha, babakhulekele; umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, noNkulunkulu uyobavusa.'" Ngakho yasho ukuthi iyangena, ingumuntu ogulayo, yanqatshwa ukuthi iyoke ikwazi ukuphunyuka kulomkhuhlane ongapheli eyayinawo. Futhi udokotela washo ukuthi ingekwazi ukuphunyuka kuwo, ayikho indlela kuye yokwenza. Ngakho yena "uthathe uNkulunkulu eZwini laKhe," futhi yena "wathola lona othiwa umelusi omesabayo uNkulunkulu," ukuthi yonke inhlangano yebandla yayinazo zonke izinhlobo zobufakazi ukuthi baphulukisiwe, nokunye nokunye. Futhi lomelusi omesabayo uNkulunkulu wakhuleka phezu kwakhe, emgcoba ngamafutha, ngokweZwi likaNkulunkulu. Akabungabazanga ubuqotho bendoda, akabungabazanga ubuqotho nenhlangano yebandla; kodwa umelusi wenza umyalelo njengoba nje iBhayibheli lisho, wamgcoba futhi wamkhulekela. "Futhi lokho kwakungcono kunezinyanga eziyisithupha ezedlula," futhi yena "akakabonisi uphawu olulodwa lokululama." Ngakho unikeza lobo bufakazi. Manje ufakazi wesibili uyehla.

25 Umshushisi manje-ke wenyusa ufakazi wakhe olandelayo, okunguMnu. Angibekezeli. Uyamkhuphula futhi uyafungiswa, ukunikeza ubufakazi ngokumelene neZwi likaNkulunkulu, lingesilo iqiniso. Lendoda iza ngaphambili futhi izisho ukuthi iyikholwa, futhi yayifunda ngelinye ilanga kuMarku, isahluko 16, noma isahluko 11 sikaMarku, njalo, futhi kuqale ngevesi lama 22, lapho uJesu qobo lwaKhe. . . Uzisho ukuthi yena "wayenezinhlamvu ezibomvu zeBhayibheli, nezinhlamvu ezibomvu kwakuyiZwi ngqo uJesu alisho, qobo lwaKhe. Futhi lokho kuleliBhayibheli elinezinhlamvu ezibomvu, kuMarku, isahluko 11, lapho uJesu wayekhuluma khona, Wenza lesisicaphuno, 'Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ngokuba ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, uma nithi kule ntaba "phonswa elwandle," futhi ungangabazi, kodwa ukholwe ukuthi lokho okushilo kuyokwenzeka, ungaba nakho okushilo.'" Futhi yena "wayekade ekhubazekile,"

uthi lapha, "i—iminyaka eminingi," kusukela esengumfana. Ubekade eyinyonga ezinyaweni zakhe. Kwadingeka ahambe ngezinduku zokuqhugela. Ngakho wemukela lokho njengeZwi likaNkulunkulu elingenakuphosisa, futhi washo ngaphakathi kwenhliziyo yakhe, njengoba esho, ukufakaza manje, wathi, "Ngizohamba." Futhi wemukela iZwi likaJesu Kristu, washo ukuthi uzohamba ngoba uJesu washo njalo. "Uma uzosho kule ntaba 'nqukuleka,' futhi uma wamukela, uma ukhuleka, kholwa ukuthi uyakwamukela okucelile, futhi uyakuba nakho." Futhi wakucela, wakukhulekela, wathi "uzoba nakho, futhi leyo iminyaka emihlanu edlule." Futhi usalokhu elunyonga ezinyaweni zakhe, akaze athole ukuba ngcono.

26 Manje umshushisi uza ngaphambili emva kokuba ofakazi bakhe sebenikeze izicaphuno ezintathu ezehlukene zomBhalo (okungukuthi u, ezinkantolo zabaJuda, ungufakazi), unikeza ubufakazi obuthathu bomBhalo owabhalwa eBhayibhelini likaNkulunkulu, "ecabanga ukuthi uJesu Kristu waKusho," okuyiNdodana kaNkulunkulu, uNkulunkulu wenza inyama, ehlala kuMuntu, okungenakuphosisa. Futhi umshushisi uza ngaphambili manje ukuba ashayele isipikili icala kinina bantu.

Manje, khumbulani, wena ungumsizi wejaji futhi uyijaji.

27 Ngakho umshushisi ufuna nina nazi manje, njengoba eshayela isipikili icala futhi, laba bantu bazisho ukuba ngamakholwa njengabo bonke bezisho. Ngakho-ke uzisho njalo futhi, umshushisi ufuna nazi ukuthi "uNkulunkulu akafanelekile ngokubeka izithembiso ezingubudedengu kanjalo eZwini laKhe, uma Engakusekeli, ngoba Unikeza lokhu kubantwana baKhe abakholwayo ukuba bazisho. Futhi ngabo bekusho, bathelwa ngehlazo futhi bayahlazeka, ngokusho amaZwi angelona iqiniso." Umshushisi manje, "Ngokuba Uhlulekile ukwenza izithembiso zalaba ofakazi abathathu, okuyinto eyenziwe ncamashi ngokweZwi likaNkulunkulu." Futhi ufuna, umshushisi ufuna nazi ukuthi "uNkulunkulu uhlulekile, kuwo wonke amacala amathathu, ukwenza noma yikuphi ukubonakalisa kokugcina iZwi laKhe" (unibethelela lona phansi phansi), "futhi kulamakholwa azishoyo."

28 Kanti futhi, umshushisi ufuna ukuphenduka, aninakise okunye. "Yena, lowo nguNkulunkulu, wathembisa ukuthi zonke izinto zazingenzeka kwabakholwayo. Wethembisa lokho." Umshushisi ufuna nazi lokho. "Futhi lamakholwa azishoyo azamile ukugcina leliZwi, futhi Wehlulekile ukuLigcina, ngakho-ke Ubekwa icala ngokwuphulwa kwesithembiso."

29 Kusenjalo, umshushisi ufuna ukuninakisa kwelinye iZwi likaNkulunkulu. "Uzisho ukuthi uyaphila ngemva kokufa kwaKhe. UJesu uzisho ukuthi uyaphila ngemva kokufa kwaKhe." Futhi umshushisi ufuna nina ukuba nazi ukuthi yena "akabonanga Muntu enemilobo yezipikili ezandleni zaKhe,

nezibazi emzimbeni waKhe wonke ezivela emivimbweni, kanye nemilobo yensimbi ecijile ezinyaweni zaKhe.” Kanjalo “obone noma yimuphi umqhele wameva phezu kwekhanda lanoma yimuphi uMuntu. Noma kunjalo Uzisho ukuthi uyaphila ngemva kokufa kwaKhe. Futhi Uyasho, ukuthi kumaHeberu 13:8, ukuthi Uyaphila. Futhi akunjalo. Usho nokuthi, esahlukweni sikaLuka, isahluko 17 nevesi 30, ukuthi kulezi zinsuku esiphila kuzo manje, ukuthi Uyozembula Yena uqobo; njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi, ngakho Uyoba kanjalo. Uyasho futhi,” umshushisi manje eninikeza icala elibethelwe phansi, “ukuthi eSambulweni 10, ukuthi ingelosi yesikhombisa, lapho iqala ukumemeza” (leyo yi—yingelosi yebandla laseLawodikeya, efanele ukubiza ibandla libuyele emuva eKukholweni kobaba), “ukuthi lapho lengelosi izwakalisa, ukuthi yonke imfihlakalo kaNkulunkulu iyakuba ifeziwe ngalolo suku. Uyasho futhi, ukuthi kuMalaki 4, ukuthi abaprofethi abangcwele baprofetha ukuthi kuyoba nomprofethi ovukayo ngalolosuku, ukwenza lezi zisho zibe yiqiniso. Futhi alikho laLo elinjalo! Uyasho futhi ukuthi amazulu nomhlaba kohluleka, kepha iZwi laKhe alisoze ledlula.”

30 Manje umshushisi unecala lapha. Ulibethelela phansi. Manje useledlulisela kinina zethameli, kinina eniyikho kokubili ijaji nomsizi wejaji. Manje sesiluzwile uhlangothi lwakhe, sibezwile ofakazi bakhe. Siyakuzwa abakushoyo ngaLo. Siyezwa lokho umshushisi akuthululela phakathi, iZwi, futhi balibethela phansi zinhlangothi zombili, “Zonke izithembiso uNkulunkulu azenza, futhi asikho noma yisiphi” ukuthi angabona “lelo yiQiniso.” Ngakho uzama ukuthola ukubeka icala ngokumelana noNkulunkulu, futhi ngokumelana “naYe enza izithembiso ezingubudedengu ezinjalo, ngoba izithembiso uNkulunkulu azenzile ngokoqobo zingubudedengu. Izithembiso Azenzele lolusuku ngokoqobo zingubudedengu. Futhi AkaZigcini!” Manje sesiluzwile uhlangothi lwakhe, ngakho-ke manje ake sibize ufakazi womshushisi ukuba ehle phansi, nomshushisi.

31 Futhi manje sizobiza uFakazi oVikelayo kuMmangalelwa. Futhi uFakazi oVikelayo manje nguMoya oNgcwele, manje Uyeza futhi uma ebhokisini umelela uMmangalelwa. Manje, into yokuqala Afuna ukuyinakisa lenkantolo, haleluya, ukuthi umshushisi ulihumusha ngokungesikho iZwi kubantu, njengoba nje enza kuEva ekuqaleni. Khumbulani, wayengumhumushi wakhe. UNkulunkulu washo ababefanele bakwenze, futhi bekungeke kube khona ukufa, usizi noma lutho, futhi ufika ngapha futhi alihumushe ngokungesikho iZwi. Ngakho-ke lapho umuntu esuka ngemuva kweZwi likaNkulunkulu, kwenzani kubo na? Akavikelekile ngoNkulunkulu. Kodwa, niyabo, uSathane wayengumhumushi weZwi kuEva. Wayengelalele umyeni wakhe noNkulunkulu, kodwa wathatha ukuhumusha komshushisi weZwi. Futhi akanalungelo lokunikeza

ukuhumusha, futhi akekho umuntu onelungelo. UNkulunkulu unguMhumushi waKhe uQobo. Akasidingi; Uyaligcina iZwi laKhe, siyakholwa. Manje Ufuna ukuninakisa lokho, ukuthi umhumushi ofanayo emaZwini okuqala kaNkulunkulu akhulunywayo, ngumshushisi ozama u—ukuletha ukubekwa icala ngaphambi kwalenkantolo kule ntambama, kokufanayo, futhi ulihumushe ngokungesikho iZwi. Leyo yinto yokuqala uFakazi oVikelayo afuna ukuyisho. Manje, Ubefuna ukuninakisa lokhu, ukuthi wayengumhumushi kaEva futhi wahumusha ngokungesikho iZwi.

32 Okokuqala, Ufuna ukuninika lombono, ukuthi isithembiso singesamakholwa kuphela; hhayi abazenzisi, abanqikazi, noma abangakholwa. Ngesamakholwa kuphela! Manje Ufuna lenkantolo…uFakazi oVikelayo (uMoya oNgcwele) ufuna lenkantolo ukuba iqonde ukuthi lezi zithembiso zingezamakholwa kuphela.

Khona-ke ukubuzisisa, wathi, "Laba ngamakholwa!"

33 Futhi manje uFakazi oVikelayo qobo lwaKhe ufanele azi ukuthi ngabe bangamakholwa noma qhabo, ngoba NguYe ovusa isithembiso. Manje uzokwedlula kanjani lokho na? Unenqwaba…ukuthethwa kwecala okushisayo kuqhubeka. Uzokwedlula kanjani lokho na? UMoya oNgcwele ufanele wazi, ngokuba UngukuPhila okuseZwini, NguYe ovusa iZwi. Nje njengoba umoya wakho uphilisa umzimba wakho, futhi umzimba uphiliswa ngumoya; ngaphandle komoya, umzimba awunamsebenzi, umzimba ufile. Futhi iZwi lifile ngaphandle koMoya. Kuthatha uMoya ukuveza iZwi, ukuLenza liphile. Futhi UnguMphilisi waleloZwi, futhi UnguFakazi oVikelayo woMmangalelwa. Amen. Uzokwedlula kanjani lokho na? Ngifuna lenkantolo ukuba iqonde lokho kahle kakhulu, ukuthi UngumPhilisi, Ufanele azi. Uphilisa iZwi.

34 Futhi, Ufuna ukunakisa lenkantolo eZwini lesithembiso esibuzwayo. Akazange abeke sikhathi esithile ukuba bona balulame. Wathi, "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, futhi uNkulunkulu uyakubavusa." Akazange athi "khona lapho." "Bayobeka izandla kwabagulayo, basinde." Akazange athi, "usuku, inyanga, unyaka." Wathi nje, "Bayokwenza!" UFakazi oVikelayo ufuna nina nazi lokho, ukuthi Akazange athi kuyoba khona isimangaliso esenziwayo. Wavele wathi nje, "Bayosinda!" Humusha iZwi ngokuyikho. "Bayosinda." Akazange abeke sikhathi esithile. Futhi, lokho ngukuthi, uma bengamakholwa! Uma bengamakholwa, uyakusinda. "Bayobeka izandla phezu kwabagulayo, futhi bayakusinda," kungakhathaleki ukuthi manje, iviki, inyanga, unyaka, iminyaka eyishumi, iminyaka engamashumi amabili, iminyaka engamashumi amahlanu. "Bazosinda," Washo njalo! Kusho ukuthi, uma bengakwazi ukubambelela ekukholweni kwabo. Manje, lowo nguFakazi oVikelayo.

35 Enye into, uFakazi oVikelayo ufuna ukunakisa lenkantolo kulentambama ukuthi, futhi, iZwi liyiMbewu, futhi iMbewu izomele iwele emhlabathini ovundile ukuze ihlume. IMbewu ngeke yakhula edwaleni. IMbewu kufanele ibe nokuvunda. NeZwi kufanele liwele ekukholweni, okungukuvunda okufezekisa iZwi. Manje uFakazi oVikelayo ngalesi sikhathi . . .

36 Singabiza abaningi kakhulu, izinto zingashiwo. Kodwa, asifuni ukunigcina kade kakhulu, sinomugqa womkhuleko omkhulu. Ngifuna nina, nkantolo, ukuba nilalele.

37 UFakazi oVikelayo manje uzobiza ufakazi waKhe. Niyabo, uFakazi oVikelayo unelungelo lokubiza ufakazi, ngoba umshushisi uyaphenduka, wabiza ufakazi. Manje uFakazi oVikelayo uzobiza ufakazi. Futhi uFakazi oVikelayo ufisa ukwethula kulenkantolo, kulentambama, umprofethi uNowa. "Woza ngaphambili, Nowa, futhi ume ebhokisini. Manje, ngiyaqonda ukuthi unobufakazi obuphathelene neZwi likaNkulunkulu elanikwa wena."

"Yebo."

38 UFakazi namuhla ufuna ukusho, kule nkantolo, ukuthi wayengumuntu ojwayelekile nje futhi wayekholwa uNkulunkulu. Futhi wayephila onyakeni wesayense, lapho ababekholwa ukuthi izinsuku zezimangaliso azizange zibe khona. Kwakungakaze kube nemvula phezu komhlaba, kodwa ngolunye usuku wahlangana noNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu wamtshela ukuba alungise umkhumbi wokusindiswa kwabantu, futhi bonke abayongena kulo mkhumbi uyosindiswa. Futhi uFakazi ufuna ukusho ukuthi yena ngesizotha, ngayo yonke inhliziyo yakhe, waLikholwa. Futhi waya koLishumayela. Futhi wahamba, hhayi ukukushumayela kuphela, kodwa, ukwenza imisebenzi yakhe—yakhe ifakaze ngokukholwa kwakhe, waqala ukwakha umkhumbi.

39 Nofakazi ufuna ukukhomba umunwe kuMnu. Angikholwa, nakuMnu. Mnqikazi, noMnu. Angibekezeli. "Bangihlambalaza imini nobusuku. 'Izona nini leyo mvula na? A, washo lokho ngonyaka odlule, futhi akukho mvula phezulu lapho. Siye kososayensi futhi bafakazisa ukuthi akukho mvula phezulu lapho.' Futhi basho ukuthi ngangihlanya. Futhi bangihleka usulu futhi bangitshela ukuthi ngangiyikho konke 'isiphukuphuku nolula' ukukholelwa esithembisweni esingubudedengu kanjalo, ngokumelene nocwaningo lwesayense." Kodwa wathi, "Ngaqhubeka nokusebenza ohlelweni, ngoba, ngabambelela ngagxila ngoba ngangazi ukuthi KwakuyiZwi likaNkulunkulu futhi Lingeke lehluleka. Ngawakha umkhumbi.

40 "Futhi emva kokuba umkhumbi usuphelile, khona-ke abahleki abahleka usulu bagijima bazungeza futhi bazungeza umkhumbi, nsuku zonke, njengoba ngangimi e, mnyango

ngishumayela kubo. Futhi babelokhu bethi, 'Manje, lokho sekube yiminyaka eyikhulu namashumi amabili edlule, manje iphi imvula yakho na? Ngakho-ke, niyabo, wonke umsebenzi wakho usezeni,' basho. 'Ososayensi bethu baqinisile, futhi ayikho into enjalo. Futhi uyikho konke ikhehla elilula ngokukholelwa esithembisweni esingubudedengu esinjalo.'

41 "Khona-ke ilanga liyafika lapho ngaqala ukuphuma ngokunye ukusa, ngiphuma emkhunjini wami. Futhi, khona manjalo, ngaphandle kwesandla kuwo, umnyango wavalwa phambi kobuso bami, futhi ngavalelwa ngaphakathi. 'Manje kwenzakaleni na?" Ngabe sengikhwela amalada engangiwakhile, futhi ngafinyelela phezulu, futhi ngabuyisa iwindi. Futhi ngangibezwa ngaphandle; uMnu. Angikholwa ehlezi ngaphesheya, uMnu. Mnqikazi, noMnu. Angibekezeli; ethi, 'Manje kwenzekeni na? Uzivalele yena uqobo!' Futhi ngacabanga ngempela ukuthi imvula yayizokuna ngempela ngaleso sikhathi. Futhi usuku engangena ngalo zazi 27 . . . noma ngosuku lwama 17 kaMeyi. Umnyango wavaleka ebusweni bami. Ngabiza abantu bakithi ndawonye, ngase ngithi, 'Lungelani, imvula izokuna emizuzwini embalwa elandelayo.' Futhi, usuku lonke, uMnu. Angikholwa noMnu. Mnqikazi noMnu. Angibekezeli bahamba bezungeza bezungeza umkhumbi, bengigxeka, besho zonke izinhlobo zobubi ngami. Kodwa ngayitshela inhlangano yebandla yami, 'Thulani. UNkulunkulu wenza isithembiso!'

42 "Usuku lwesibili, ilanga liyaphuma, likhanya; akukho mvula, akukho kuduma, futhi akukho mbani. Usuku lwesithathu, okufanayo, olwesine, olwesihlanu, olwesithupha. Kodwa ngokusa kwangosuku lwa 24 kaMeyi (iminyaka eyikhulu namashumi amabili kamuva), nakho kufika impophoma yehla ivela eZulwini. Futhi bonke abagcotshwe nguMnu. Mnqikazi, uAngikholwa, noMnu. -patiant babhubha ngaphandle"

43 UFakazi oVikelayo wathi, "Yehla, Nowa. Ngifuna ukubiza omunye ufakazi. Nyuka, Mnu. Abraham, ngifuna wena unikeze ubufakazi."

44 UMnu. Abrahama uyenyuka, wayesethi, "Ngangisebenza epulazini lami nje ngaphandle kwaseUri, izwe lamaKaledi. Futhi ngangikade ngishade nodadewethu uhhafu, igama lakhe kwakunguSarayi futhi igama lami kwakunguAbrama. Futhi ngahlangana noNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wangitshela ukuthi ngangizoba nomntwana nguSara. Futhi uSara, ngalesisikhathi, wayeneminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu ubudala, futhi nganganeminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala. Futhi uNkulunkulu wangitshela ukuthi ngiyoba nomntwana ngoSara, nangalowomntwana umhlaba wonke uyobusiswa, futhi ngiyoba nguyise wezizwe. Ngokushesha ngabuyela, ngenxa yalenjabulo eyayisenhliziyweni yami. Ngangihlala njalo

ngibathanda abantwana, futhi ngacabanga ukuthi angisoze ngaba nayo. Kodwa ngenkathi uNkulunkulu ethe ngizoba naye, ngaMkholwa. Ngaya kudokotela ukuyokwenza amalungiselelo. Wangixosha ehhovisi, uMnu. Angikholwa wayehlezi lapho. Futhi ngaphumela emgwaqweni, futhi iziphathimandla zazifuna ukungibopha ngecala lokugula ngenqondo. Futhi njengoba iminyaka ihamba, uMnu. Angibekezeli wangihlupha imini nobusuku.

45 "Inyanga yokuqala, ngasho kumkami, uSara. Niyabo, wayesedlule kude le ukuya esikhathini, kwanqamuka ukuba kuye njengoba kunjalo ngabesifazane. Futhi ngathi ku-Sarah, 'Sthandwa, sinawo wonke amabhuzi amancane kanye nayo yonke ingubo emagqabhaqhaba, no—no—nophini na? Sonke silungele, silungele na?' 'Yebo, konke sekulungele.' 'Kuzokwenzeka manje, ubukele.' Futhi ekupheleni kwezinsuku ezingamashumi amabili nesishiyagalolumbili, ngathi, 'Uzizwa kanjani, sthandwa na?' 'Akukho mehluko, Abrahama.'" Awu, wathi, "Ngathi, 'Akabongwe uNkulunkulu! Sarah, ungakungabazi. UNkulunkulu washo njalo, sizoba nayo noma kanjani!' Lokhu kwaqhubeka iminyaka.

46 "Futhi emva konyaka emva konyaka wokwedlula, uMnu. Mnqikazi, uMnu. Angikholwa, bonke bahlekisa ngami. Kodwa eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu kamuva, umntwana wazalwa lapho ngangineminyaka eyikhulu ubudala. UNkulunkulu akangitshelanga ukuthi ngizoba nomntwana ngosuku olulandelayo. Wathi ngiyoba nayo! Futhi angikhathali ukuthi kwathatha isikhathi esingakanani, uNkulunkulu wakwethembisa! Ngalinda iminyaka engamashumi amabili nanhlanu. Babecabanga ukuthi ngizoguga kakhulu ngizofa, kodwa ngathi, 'Ngeke ngafa, isithembiso ngesami. UNkulunkulu washo njalo!'

47 "UMnu. Mhleki ohleka usulu noMnu. Angikholwa, uMnu. Mnqikazi, uMnu. Angibekezeli, babedlula ngapha njalo, kunendoda egcotshiwe, yathi, 'Abrahama, bangaki abantwana manje, *yise wezizwe*, unaye na?' Kodwa ngabambelela ngagxila, ngoba angikaze ngibhadazele eZwini likaNkulunkulu ngokungakholwa. Ngangazi ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukugcina lonke iZwi Alithembisa. Ngawushaya indiva umzimba wami, ngisho nokufa, nokufa kwesibeletho sikaSara. Kodwa ngakholelwa kuNkulunkulu. Bathi, 'Awu, ngacabanga ukuthi wathi iminyaka engamashumi amabili nanhlanu edlule ubuzoba nengane?' 'Ngakusho iminyaka engamashumi amabili nanhlanu edlule.' Kodwa uMnu. Angibekezeli lapho, wathi, 'Awu, iminyaka engamashumi amabili nanhlanu yedlula. Zibheke manje! Amadevu ashaya le emadolweni akho, cishe. Bheka, uyikhehla.' Ngamazisa ukuthi uNkulunkulu akazange angitshele ukuthi ngangiyoba nini nalengane. Wathi, 'Uzoba

nayo ngoSara,' futhi lokho kwakuxazulula! Ngabambelela ngagxila. Manje iZwi alikaze lithi *nini*, Lathi kuyokwenzeka!"

48 Asibize omunye ufakazi ngokushesha kakhulu, asinaso isikhathi esiningi. Singabiza amakhulu abo. Masibize omunye ufakazi nokho, uMose, sibe naye ukuba afakaze.

49 "Ngani," wathi, "Ngangiqeqeshelwe kukho konke ukuhlakanipha kwabaseGibithe. Nganginguprofesa kulabo abangenaye. Kodwa ngolunye usuku kwingemuva logwadule, emva kokuba sengineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, ngahlangana noNkulunkulu. Futhi Wayesesimweni se—sesibonakaliso, futhi Wayengumlilo ovuthayo emuva esihlahleni. Futhi Wa—Wangitshela ukuthi Wayekuzwile ukububula kwabantu baKhe, futhi Uyasikhumbula isithembiso saKhe sokubakhulula. Futhi Wathi, 'Ngiyakuthuma.' Futhi ngathi, 'Ngingubani mina? Angikwazi ukukhuluma kahle. A—a—angi—angi—angisiye usiyazi wezenkolo. Ngi—ngeke ngahamba.' Wathi, 'Uzonikezwa izibonakaliso ezimbili. Esinye sazo siyoba sesandleni sakho, esinye sibe ngenduku. Futhi uma bengayikuzwa amazwi alesisibonakaliso, bese-ke uthele amanzi phezu komhlaba, ayophenduka igazi, bese kuthi-ke lokho kuyakuqeda.'

50 "Ngesikhathi ngithathe isibonakaliso sami uNkulunkulu anginike sona futhi ngehlela phambi kukaFaro, uMelusi Faro, wazama ukwenza isipho sami sibonakale sinomusa. Wathi, 'Iningi lanoma yimuphi umbhuli oshibhile noma umGibithe angakwenza lokho. Iningi lanoma yimuphi umlumbi oshibhile engaphendula lamaqhinga okuphamba.' Wathola abafo ababili ogama linguJambre noJane, futhi empeleni balingisa konke engakwenza. Kodwa lokho akungimisanga, ngoba iPhimbo elangithuma kwakuyiPhimbo langokomBhalo, futhi ngahlala nalo. KwakuyiZwi likaNkulunkulu.

51 "Kwakuyisibonakaliso sangokomBhalo nePhimbo langokomBhalo, 'Ngokuba Ngiyasikhumbula isithembiso saMi, futhi isikhathi sesiseduze.' Babengazange babe nabaprofethi kwaIsrayeli amakhulu eminyaka, iminyaka engamakhulu amane namashumi amane, bebengenabaprofethi kwaIsrayeli. Kodwa Wathi, 'Ngiyakuthuma ukuba ube nguye.'" Futhi wahamba. "Futhi Wangitshela ukuthi, ngokwesibonakaliso, 'ngiyobuya futhi ngilethe abantwana kulentaba.' Kwathatha isikhathi eside, kodwa ngakwenza. Ngahlala ngokweqiniso ngqo eZwini. Futhi lapho uJambre nalabo balingisi benyama sebezame ukuhleka usulu, nokho ngazi ukuthi kunganandaba ukuthi bahleka kangakanani . . ."

52 Uyazi ukuthi lokho kuzophinda futhi ngalezizinsuku zokugcina na? UJesu washo njalo. IBhayibheli lathi, "Njengoba uJane noJambre bamelana noMose, kanjalo laba umuntu

ezinsukwini zokugcina," abalingisi bezama ukufanisa, bekophisha ngemuva.

53 Kodwa wathi, "Ngama nganganyakaza ngoba ngazi ukuthi iPhimbo laliyiPhimbo langokomBhalo." Nokho kwakukhona ababili babo, futhi oyedwa kuye. Kodwa wehla futhi wenza lokho yena . . . futhi yena, kwafakazisa ukuthi kwakuyiqiniso, ubuyela ngqo entabeni lapho uNkulunkulu amtshela khona.

54 "Yehla, Mose. Masibize omunye ufakazi ngokushesha okukhulu. UJoshuwa."

55 UJoshuwa wathi, "Lapho sasisondela ezweni, senyukela eKadeshi-barineya. Futhi uMose, inceku kaNkulunkulu, wahamba futhi wathatha bonke i . . . eyodwa kuzo zonke izinhlanga, oyedwa kuwo wonke amahlelo, futhi wathi, 'Ake siwele futhi sihlole izwe.' Futhi sawela, ababili bethu, futhi babuyisa ubufakazi bokuthi izwe lalilihle." Babenobufakazi balo. Labo babengaPentecostal angempela. "Ngakho babuya nobufakazi bokuthi izwe lalilihle. Kodwa uma sekufika ekuthatheni izwe eligcwele, bathi, 'Ngeke sakwenza. Ngeke sakwenza. Asikwazi.' Futhi abantu bonke babedabukile, abazanga ukuthi benzeni, yiyiphi inhlangano ukuya kuyo. Futhi ngabathulisa, ngathi, 'Khumbula, yisithembiso sikaNkulunkulu! UNkulunkulu wathi, "Ngikunike lelizwe." Futhi lokho uNkulunkulu akuthembisayo, Uzokwenza!' Ngathulisa abantu. Ngakusasa, wena uthi, 'Sizohamba na?' Ngakusasa, 'Sizohamba na?' Kwakuyiminyaka engamashumi amane kamuva, kodwa salithatha izwe!"

56 Omunye ufakazi oyedwa, ngokushesha okukhulu, ngingambiza uIsaya ebhokisini. "Isaya, ungafakaza wenzele uFakazi oVikelayo, futhi usinikeze ukuvikela abamangalelwa, uMmangalelwa na?"

57 "Ngizokwenza. Ngangingumprofethi. Ngangingumprofethi oqinisekisiwe. Engakusho, kwakungesikho . . . Ngi—angazanga ukuthi ngangithini, kodwa uNkulunkulu wenza lokho engakusho kufezeke. Wonke umuntu uqala ukukukholwa, lonke ibandla, baqala ukukukholwa. Futhi ngolunye usuku kwenzeka into engavamile. INkosi uNkulunkulu yathi kimi, 'UIsrayeli ufuna izibonakaliso, ngakho-ke Ngifuna benze lokho, kodwa Ngizobanika isiBonakaliso esikhulu. Futhi lokho kuzoba unyaka omkhulu, lapho benezitolo ezinkulu nezindiza mshini amajethi amakhulu nokukhulu, konke okukhulu. Ngizobanika isiBonakaliso esikhulu, intombi izokhulelwa!' Futhi mina ngingumprofethi oqinisekisiwe, zonke izintombi ezincane zalungisa amabhuzwana azo, nakho konke, waye 'zoba nengane,' yebo, mnumzane, waye 'nguye uJehova ambizile.' Lonke uhlobo lwezinto lwaqhubeka. Yebo, mnumzane. 'Awu, manje, silindele yena, indodakazi yami, ukuba ikhulelwe.' Lona wacabanga *lo*na, yonke intombazane yayikubhekile.

Iminyaka yadlula. Ezinye zazo zanwaya ikhanda lazo, zathi, 'Lowo mprofethi wamanga omdala.' Kodwa kwaba seminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva. Akazange asho ukuthi *nini* lapho eyokhulelwa khona, Wathi iyokhulelwa! Eminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva intombi yakhulelwa."

58 Manje ngenxa yofakazi wokugcina, uma ningangixolela, ngingaba ngufakazi wokugcina na? Lokho akusikho emuva eBhayibhelini, lokho kumanje. Ake ngibe ngufakazi olandelayo, nje imizuzu embalwa ngaphambi kokuba siqale umugqa womkhuleko. Futhi lalelisisani. Ngingathanda ukunikeza ubufakazi ngaYe. Ngingathanda ukubizelwa ebhokisini, futhi ngiphakamise isandla sami ukukhuluma iQiniso, lutho ngaphandle kweQiniso.

59 Ngingathanda ukusho, ukuthi ngaze ngaba kanjani ngumKristu na? Ubaba nomama wami, umkhulu, ugogo, ezinhlangothini zombili, bonke babeyizoni. Futhi imvelo yami yayingugudluthukela . . . ngakho-ke uma ngizoba uhlamvu lukakolweni. Kodwa ngokunye ukusa egumbini elincane lezingodo ezansi eKentucky, washo kanjalo umama wami nombelethisi, ngoEphreli ziyi 6, ngehora lesihlanu nqo ekuseni, ngo 1909, ngenkathi iNkosi uNkulunkulu ingiletha emhlabeni, kwakukhona ukuKhanya kumi ewindini elincane. Futhi lapho bevula iwindi emuva, umama elele embhedeni omncane wamakhoba, ukuze athole ukuthi hlobo luni lwengane ayitholile, ukuKhanya kwangena kuzongoloza. Futhi abantu basezintabeni abazanga ukuthi bacabangeni ngaKho. Ngangimncane kakhulu ukwazi lokhu.

60 Futhi ngengomntwana, cishe iminyaka eyisishiyagalombili ubudala, iminyaka eyisikhombisa noma eyisishiyagalombili ubudala, ngangithwala amanzi ngiwayise emshinini wokugaya ugologo ubaba ayenawo. Futhi ngenkathi ngenye intambama kaSeptemba ofudumele, ngihlezi phansi, ngikhala, ngiya kodoba phandle echibini nabafana, futhi ba . . . ngangingayi ngenxa yokuthi ngadingeka ngithwale lamanzi. Ngezwa njengoMoya ovunguzayo esihlahleni, cishe ingxenye phezulu le. Kusafana, yonke indawo, uSeptemba eIndiana, konke kuthule ngempela, ifa, ithule. Futhi loMoya ovunguzayo esihlahleni, nakho kufika iPhimbo livela lapho, lase lithi, "Ungalokothi ubheme, uphuze, ungcolise umzimba wakho (okungukuthi ugijime nabesifazane), noma yini enjalo, ngokuba kunomsebenzi ozowenza uma usukhulile." Futhi umama wabiza udokotela, wacabanga ukuthi ngangithuke kakhulu.

61 Iviki emva kwalokho, ngabona iBhuloho likaMasipala, ekuqulekeni okuphuphisanayo, njengoba ngikubiza kanjalo, ngabona iBhuloho likaMasipala liwela eMfuleni iOhio, ngabona amadoda ayishumi nesithupha elahlekelwa ukuphila kwawo. Iminyaka engamashumi amabili nambili kusukela kulolo suku,

iBhuloho likaMasipala liwela indawo efanayo, futhi indoda eyishumi nesithupha yalahlekelwa ukuphila kwayo.

62 EGreen's Mill ngobunye ubusuku, ngingazi ukuthi konke lokhu kwakumayelana nani...Kamuva ngaba yisikhonzisi ukukhonza iNkosi. EGreen's Mill ngobunye ubusuku...Omelusi bami babesanda kungitshela nje... Ngangibatshela ngokuhamba, ngibe ne...ngokwazi ukubona izinto, futhi bangitshela ukuthi kwakungudeveli. Futhi mina ngingumKristu, ngangingafuni lutho olungihlanganisa nodeveli, lutho sanhlobo. Ngakho ngenyukela lapho, ngathi, "Nkosi, angikwazi ukuvumela...ngidlule ekuphileni okufana nalokhu." Futhi ngahlala phezulu lapho endaweni encane emuva le ekhempini yokudoba, ngikhuleka. Futhi ngobunye ubusuku lapho, njengoba iNkosi yayikhulume kimi, futhi esihlahleni, njengoba Yenza kuMose. Khona-ke lapha kule Green's Mill, nakho kungena uMuntu futhi wangitshela lokho, ukungazami ukucela ukuxosha Lokhu, kodwa Kwakuyisipho esithunyelwe sivela kuNkulunkulu, esasizoyiswa kubantu bomhlaba, futhi singitshele ngemiBhalo ukuthi zonke lezizinto ezathenjiswa ngokweBhayibheli zifanele zigcwaliseke, ukuthi isikhathi sase siseduze.

63 Futhi ngabuyela emuva futhi ngatshela umelusi wami. Ngehla futhi ngamtshela, futhi wathi, "Billy, udleni na? Ngabe ube nephupho, ngabe kwakuyiphupho elisabisayo na?" Kodwa, kimi, kwakunguMalaki 4. Wathi, "Uzokwenza kanjani na?" KwakunguLuka 17:30. KwakuyiSambulo 10 futhi. Futhi kwakuyiyo yonke lemiBhalo ethenjiselwe izinsuku zokugcina. Angikubonanga kwenziwa ngaso lesosikhathi. Abantu bazibuza, "Lokhu kuzokwenzeka nini na?" Kodwa ngabambelela ngaqhubeka nje.

64 Ngelinye ilanga emfuleni, ngangibhaphathiza abantu abangamakhulu amahlanu emfuleni, lapho, ngingazelele, lokhu kuKhanya okufanayo okungena lapho ngisengumfana omncane. Futhi ngangitshele abantu ukuthi ngangiKubona. Bathi ngangiphupha futhi kwakuluhlobo oluthile lokucabanga kwengqondo enganginakho. Kodwa ngaphambi kokungaphezu kwabantu abayizinkulungwane ezinhlanu, ngehora lesibili nqo ntambama, ngo 1933, kuvela ezibhakabhakeni kufika leliFu lehla, likhuluma lamaZwi, "NjengoJohane umBhaphathizi wathunyelwa ukwandulela kokufika kokuqala kukaKristu, inkonzo yakho izokwandulela ukufika kwesibili kukaKristu," lapho izinkulungwane ziphindwe kazinkulungwane zabantu zalizwa, namaphephandaba afakaza ngakho.

65 Ngifuna ukusho, futhi ngifuna ukunakisa lokhu kulowo mshushisi oyimpumputhe obheka nxazonke umuntu othize ukuba abe nemilobo yameva nezipikili, nakho konke okunjalo. Alikusho lokho! Alisinikezi isithembiso esinjalo.

66 Sifunda lapha kuLuka, isahluko 17 nevesi 30, kukhuluma uJesu, "Njengoba kwakunjalo ezinsukwini zaseSodoma, kuyakuba njalo lapho iNdodana womuntu iyokwembulwa." Lapho Yembuliwe! Ngifuna ukuninakisa kulokhu imizuzu embalwa nje, uma nizongibekezelela imizuzu nje embalwa isikhathi esidana manje. Yibani nenhlonipho yokuzithoba ngempela imizuzu embalwa nje.

67 Qaphelani, uJesu waqukatha amagama amathathu; iNdodana yomuntu, iNdodana kaDavide, iNdodana kaNkulunkulu. Wayenamagama amathathu. Wonke umuntu ofanayo, kodwa enamagama amathathu. NjengoBaba, iNdodana, uMoya oNgcwele; onke uNkulunkulu ofanayo, izingxenye ezintathu ezingahlukaniseki.

68 Njengami nje. Umkami ungibiza ngomyeni. Abantwana bami abanalutho ukukwenza nami ngegama lomyeni, ngingubababayi wabo. Indodana yami engumzukulu ehlezi ngapho, ayinalutho ngami ngegama likabababayi, akukho lutho egameni lomyeni, ungumzukulu wami. Futhi konke umuntu ofanayo.

69 Futhi siyaqaphela lapho uJesu eza futhi wazama ukuZembula njengeNdodana yomuntu (ungakugeji lokhu), ngenkathi Ezembula Yena uqobo futhi wazibiza Yena uqobo, njalo njalo, "iNdodana yomuntu," uIsrayeli waphuphuthekiswa. Babengazi lutho ngokuthi iNdodana yomuntu kwakusho ukuthini. Kodwa bathi, "Ndodana kaDavide," ngenkathi iMpumputhe uBartimewu yagijimela phandle futhi yaMqonda. *Davide* kwakusho i "Nkosi." Khumbulani, iNdodana yomuntu, iNdodana kaDavide, iNdodana kaNkulunkulu (okwakuyiNkosi). LomJuda wathola akucelayo ngoba weza kuYe ngeGama leNdodana kaDavide, iNkosi; Wayengeyena uMsindisi, kodwa WayeyiNkosi.

70 Kodwa ngenkathi owesifazane ongumGreki, umSirofenike eya kuYe egameni leNdodana kaDavide, Akakaze aphakamise ngisho ikhanda laKhe. Wayengenakusho lutho kuYe egameni leNdodana kaDavide. Wayengeyona iNdodana kaDavide kulowo wesifazane ongumSirofenike. Kodwa lapho ethi, "Nkosi," khona-ke Waphenduka. WayeyiNkosi. Niyabo? Nkosi, WayeyiNkosi! Hhayi iNdodana kaDavide kuye.

71 Manje, kungani Wayengaziwa njengeNdodana yomuntu na? INdodana yomuntu kwakuyisambulo sangokomoya, umprofethi. *Ndodana yomuntu* kusho ukuthi "mprofethi."

72 Manje uma nizophenya emaBhayibhelini enu kuHezekeli, isahluko se 2 nevesi lo 1, uzothola ukuthi uHezekeli wayengumprofethi, iZwi likaNkulunkulu langalolosuku. Futhi uJehova qobo lwaKhe wambiza ngendodana yomuntu. UJehova wambiza ngomuntu, indodana yomuntu, ngokufanayo njengoba uJesu Wazembula njengeNdodana yomuntu. Kwakuyini na?

IZwi elithenjisiwe lalelo hora libonakaliswa, uNkulunkulu ofanayo! UNkulunkulu wesikhathi sikaHezekeli, uNkulunkulu wesikhathi sikaJesu, iNdodana yomuntu! Ngalesosikhathi Wayenge . . .

73 WayeyiNdodana yomuntu ngoba Wayezile ukuzambulela Yena uqobo kuIsrayeli njengomProfethi, futhi bakwala. Futhi leso kwakuyisiprofetho ukuthi bafanele baMamukele, egameni leNdodana yomuntu, umProfethi, ngoba kwakungokweZwi. UDuteronomi 18:15, "INkosi uNkulunkulu wenu uyakuvusa umProfethi onjengami." Futhi ngenkathi Efika, Wazikhomba Yena uqobo enkonzweni yaKhe njengomuntu, hhayi iNdodana kaNkulunkulu, iNdodana yomuntu! UNkulunkulu unguMoya. Futhi Wazembula Yena njengeNdodana yomuntu, lokho Azisho ukuthi uyikho. Futhi baphuphuthekiswa futhi abakwazanga ukukubona.

74 Kodwa manje kwabeZizwe Uzembula Yena uqobo, futhi manje iNdodana kaNkulunkulu okunguMoya oNgcwele. Manje, uJesu wathi, "Njengoba kwakunjalo ngezinsuku zaseSodoma!"

75 Ngifuna lomshushisi oyimpumputhe ukuba abone lokhu. Ungumhumushi oyimpumputhe weZwi, njalo. Uthatha imibono yakhe yenhlangano ngaLo, futhi akazi lutho ngaLo kunalutho. Uyakwenza ukuze akhohlise, ngoba ungumkhohlisi ekuqaleni.

76 UJesu wathi, "Njengoba kwakunjalo ezinsukwini zaseSodoma, lapho iNdodana yomuntu yembulwa!" Ezinsukwini zaseSodoma kwakuyiNdodana (lowo kwakunguNkulunkulu) embulwe enyameni yomuntu, ngesinye isikhathi yabizwa ngoMelkisedeki, uBaba. UMelkisedeki ngaleso sikhathi engenayise futhi engenanina, futhi engenakuqala kwezinsuku noma ukuphela kokuphila; njalo OWayekhona, Uhlala enguye. UJesu wayenobaba nomama; kodwa loMuntu wayengenayise engenanina. Futhi Wabonakala ku-Abrahama ngesimo seNdodana yomuntu, uElohim, uJehova. Ibandla manje selisiphilile isigamu onyakeni webandla, embhaphathizweni kaMoya oNgcwele. Kodwa uJesu washo lapha, ukwenza uMalaki 4 nayo yonke lemiBhalo ingokoqobo kuwe, niyabo, ukuthi "Ezinsukwini zokugcina, ngaphambi nje kokuFika, ukuhleleka kwezwe kuzoba njengeSodoma, neNdodana yomuntu iyozembula Yona uqobo njengeNdodana yomuntu njengalokho Yenza ezinsukwini zaseSodoma."

77 Mshushisi oyimpumputhe, awukuboni lokho na? AmaZwi aKhe aqinisile. Akuzona izibazi zezipikili nemilobo nameva.

78 YiNdodana kaNkulunkulu ifanisiwe eBandleni laYo, njengeNdodana yomuntu. Kumele kugcwalise uMalaki 4 nayo yonke imiBhalo. Nginakisa inkantolo, bheka lokho okuhle ngempela, "iNdodana yomuntu"! NjengoNkulunkulu uBaba, uNkulunkulu iNdodana, uNkulunkulu uMoya oNgcwele; nguNkulunkulu ofanayo, izingxenye ezintathu

ezingehlukaniseki zikaNkulunkulu ofanayo. Manje, lena yiNdodana kaDavide . . . iNdodana yomuntu yembulwa ngaleso sikhathi njengomProfethi. INdodana kaDavide, iNkosi. Futhi manje iNdodana kaNkulunkulu onyakeni webandla, njengokuthi, uNkulunkulu akayena umuntu, uNkulunkulu unguMoya, futhi iNdodana kaMoya nguMoya oNgcwele, owembulela unyaka webandla. Kodwa kwethenjiswa lapha, "Ezinsukwini zokugcina, ukuthi iNdodana yomuntu iyokwembulwa"!

79 Mshushisi oyimpumputhe, uyakuthola lokho na? Futhi ngifuna wazi, mshushisi oyimpumputhe, siyaLibona, siyaLikholwa, lamaZwi egcwaliseke phambi kwethu futhi siyazi ukuthi ayiQiniso.

80 KumaJuda WayeyiNdodana kaDavide. KubaGreki WayeyiNkosi, kithi UyiNkosi, kwabeZizwe. Futhi manje ezinsukwini zokugcina, Uyobuya futhi njengeNdodana yomuntu, ngoba uMalaki uyethembisa ukuthi kuyoba nomprofethi ovukayo ezinsukwini zokugcina oyobuyisela izinhliziyo zabantu zibuyele e (ziqhele lulezo zinhlangano) zibuyele eZwini lasekuqaleni, uKholo lwawobaba, iPentekoste yasekuqaleni. Futhi lapho Esekwenzile, uJohane oNgcwele 14:12, imisebenzi Ayenzayo yayiyokwenziwa futhi. ISambulo 10 sathembisa yonke imfihlakalo. Uzozimbula kanjani izimfihlakalo na? Niyabo ukuthi uLuther washiya kuphi, niyabo ukuthi uWesley washiya kuphi, niyabo ukuthi iPentekoste yashiya kuphi, futhi wembula imfihlo yenhliziyo, ukukwenza uNkulunkulu ofanayo kuyo yonke iminyaka, okungelutho kepha iZwi likaNkulunkulu libonakaliswa emuva eNdodaneni yomuntu futhi. Asibheki izibazi zezipikili; sibheka iZwi ukuba libonakalisiwe. Qaphelani, uNkulunkulu wathembisa lezizinto manje, futhi Ukwenza njengoba nje Akusho. Ngingasho okuningi, kodwa, sizoshiya indaba, sekuba leyithi.

81 Mnu. Mshushisi, ngifuna wazi ukuthi ngingabiza izinkulungwane zofakazi lapha kule ntambama. Ngifuna wazi ukuthi izinto Azisho ukuthi Wazenza, singofakazi ukuthi "Ugcina iZwi laKhe!" Kunomhlangano wangempela kaMoya oNgcwele! Kunamandla angempela kaNkulunkulu! Futhi kunesithembiso sangempela sokuthi bayosinda, lapho bebeka izandla phezu kwabagulayo. Ngifuna ukwazi lokho. Ngifuna ukuba wazi ukuthi Yena wathi, "Njengoba kwakunjalo ezinsukwini zaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

82 Ngingumfokazi, futhi ngifakaza kuphela ngalokho iBhayibheli elikushoyo ukuba yiQiniso. Uma niqaphela, iNgelosi yeNkosi efika esimweni somuntu, Yayifulathele ithende, futhi Yatshela uAbrahama okwakucatshangwa uSara. UJesu wathi kuyophinda. Manje, uma ngisho iQiniso, uNkulunkulu makaqinisekise lokho ukuba yiQiniso. Makakwembule. Khona-

ke, akusiyo imfihlo, siyazi ngaleso sikhathi. I. . . Ngizoshiya lenkantolo ngale ntambama nalesi sinqumo sejaji, ukuba nisenze engqondweni yenu. Makuthi uNkulunkulu owenza isithembiso. . . Hhayi emuva ngalezo zinsuku; zaqinisekiswa. Makuthi uNkulunkulu owenze isithembiso asiqinisekise namuhla, sisho okufanayo. Abanye benu nicabanga enhliziyweni yenu, khulekani kuNkulunkulu ngokugula kwenu noma ukuhlupheka kwenu, futhi nibone uma uNkulunkulu ezokwembula imfihlo yenhliziyo. Nginiphosela inselelo ukuba nikwenze, kusukela kolunye uhlangothi kuya kolunye. Manje, ngingabe ngifisa ukwenza into enjalo ukuthi uma bengingamile ngokuqondile kulokho okushiwo ngumBhalo na? Ngifuna lenkantolo ukuba ibone ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, ukuthi Uyasigcina isithembiso saKhe. Futhi Wathembisa ukuthi uJesu Kristu uyokwembulwa ngezinsuku zokugcina, njengeNdodana yomuntu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

83 Indoda ihlezi lapha ihlushwa ngumongozini. Angikaze ngikubone empilweni yami. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uyangikholwa ukuthi ngizokunikeza ubufakazi beZwi likaNkulunkulu na? Lowo ngumkakho ohlezi eceleni kwakho. Uyahlushwa futhi, isikhwama esinobomvu ekhanda lakhe. Kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Uma EseyiZwi, iZwi lazi imfihlo yenhliziyo. NinguMnu. noNkk. Hunt. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Awukukholwa ngani na?

[Udade uqala ukukhuluma ngolunye ulimi. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

84 Lapha, lapha kuhlezi indoda ehlezi khona lapha, ikhanda layo libheke phansi, ikhala, izikhulekela yona kanye nomkayo. Akekho lapha. Akanawe kulentambama. Uyagula. Ucabanga ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi iyini inkathazo yakhe, futhi yena engekho lapha na? Uyakukholwa na? Uyakholwa na? Ngiyisihambi kuwe, kunjalo na? Umkakho unenkathazo yabesifazane. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho, phezulu, ukuze basibone. Futhi igama lakho nguMnu. Smith. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphilisa na? Uma kunjalo, vayizelisa isandla sakho phansi naphezulu, ka*nje*.

Ngikuphonsela inselelo ukuba ukholwe ukuthi uJesu Kristu wembulwe esimweni seNdodana yomuntu, enyameni yomuntu, ngoMzimba woMlobokazi. Yamukela ubizo lwaKhe.

85 Nangu owesifazane ohlezi lapha engibhekile. Uhlushwa yibhiphi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Bakubiza ngoDaisy. Uma wena. . . Ngabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho. Kholwa manje ngenhliziyo yakho

yonke, uJesu Kristu uzokwenzela...akunike isifiso sakho. Niyabo, Unguye izolo, namuhla, naphakade. Uyakukholwa na?

86 Nansi indoda ehlezi emuva ngqo lapha ingibheka, inomthwalo enhliziyweni yayo. Kungenxa yendodana yayo, indodana inesifo sikashukela. Uyakholwa na? Lowo bekungumkakho oqale ukukhala izinyembezi eduze kwakho lapho, unomthwalo enhliziyweni yakhe. Lokho kungenxa kadadewabo. Udadewabo unenkathazo yenhliziyo, ukwelakanyana. UnguMnu. noNkk. Sickles. Uma kunjalo, vayizelisa isandla sakho phansi naphezulu ka*nje*. Uma ngiyisihambi ngokwempela kuwe, sukuma ume ngezinyawo zakho. Sukuma, uma ngiyisihambi kuwe futhi ngingakwazi.

87 Kuyini na? Ukugcwaliseka kweZwi likaNkulunkulu ezinsukwini zokugcina! Mshushisi, ngifuna wena wazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu liyiqiniso. UNkulunkulu wangitshela lokho eminyakeni engamashumi amathathu nantathu edlule. Ngilinde sonke lesi sikhathi, kodwa kugcwalisekile khona lapha kulentambama. UNkulunkulu ugcina iZwi laKhe! Unguye izolo, namuhla, naphakade. UNkulunkulu akubusise; hamba futhi uthole isifiso sakho manje.

88 Ingqondo yakho ingumsizi wejaji. Umsizi wejaji kufanele azilungise. Futhi indlela owenza ngayo kusukela manje kuqhubeke izosho noma ibonise kubantu ukuthi siyini isinqumo sakho sejaji. Ngabe Unecala noma Akanacala na? Uyakholwa ukuthi Akanacala, ukuthi Uyaligcina iZwi laKhe na? Yithina esine...Silalela ikhehla uAngibekezeli, uMnu. Angikholwa, noMnu. Mnqikazi. Kodwa manje uzokholwa ukuthi uNkulunkulu ugcina iZwi laKhe na? Ingqondo yakho ingumsizi wejaji. Futhi indlela owenza ngayo kusukela lapha izofakazisa kubantu ukuthi siyini isinqumo sakho sejaji. Uyakukholwa lokho na? Masikhothamise amakhanda ethu-ke.

89 Nginitshele iQiniso eliqotho. Ukuba besinesikhathi sokuhlala lapha, awukho umBhalo eBhayibhelini kodwa lokho okuzofakazela into efanayo. Ngibe nokuthembeka. Niyazi, ngezinye izikhathi, ukwethembeka akusiwona umsebenzi olula. Kodwa inqobo uma nje uNkulunkulu emi lapho! Kwakungelula kuLuther, uWesley, noma akukho namunye wabo. Akulula kuwe noma omunye umuntu othatha isinqumo. Kodwa kulentambama nizofanele nithathe isinqumo senu. Akazange athi...Wathi, “Bayakubeka izandla kwabagulayo, futhi bayakusinda.” Uma ukukholwa, ngakho-ke angikhathali uma kwenzeka khona lapha, uma kwenzeka ngeviki elilandelayo, kwenzeka iminyaka engamashumi amabili kusukela namhlanje; uma ukukholwa ngokoqobo, kuzofanele kwenzeke. Ngi...

90 Kunodokotela ohlezi ekhona manje, njengoba ngiqonda. Ngifuna ukumbonga. Ngangisesigulini, ukubona isiguli sakhe, isikhashana esedlule, ekuseni kwalokhu kusa esibhedlela,

obebophezelekile ukuba afe, bacabanga kanjalo. Udliwe kakhulu ngumdlavuza. Futhi lo wesifazane omncane washo kimi, wathi, "Udokotela wami ohlinzayo ubethamela umhlangano wakho, futhi uvumelana nawe. Futhi hhayi lokho kuphela, kodwa, Mfowethu Branham, ngifuna wazi ukuthi umi nawe ngomkhuleko enzela mina." Uma bengidinga noma ikuphi ukunakekelwa ngokwelashwa ngemithi, ngiyomfuna anginike khona, indoda engethemba uNkulunkulu kanjalo! Yebo. Bakukho konke ukuhamba kwempilo, kuyo yonke yemisebenzi.

Ake sikhumbule, isinqumo sejaji ngesakho manje.

91 Nkosi Jesu, ngizamile nje ukuchaza iZwi. Ufakazile ukuthi LiyiQiniso. Ofakazi bakho, besingabiza amakhulu, futhi nokho asinaso isikhathi. Lapha futhi kubekwe amaduku, ebekwe lapha, lawo aya kwabagulayo nabahluphekile, khona lapha lapho uMoya oNgcwele unikeza ubufakazi bokuthi uJesu usaphila. SiyaMazi ngokuPhila kwaKhe, ukuphila Akuphila, izinto Azenzayo. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, manje njengoba sibeke izandla phezu kwalamaduku, ukuthi noma ubani abathintayo bangaphulukiswa. Nginikela umkhuleko wami, ngokukholwa, kanye nalesi esinye isigejane samakholwa, ngalaba abangakwazi ukuba lapha. Kwangathi bangajabulela ubukhulu bukaNkulunkulu. Kungahle ukuba bayagula futhi abakwazi ukuza. Omunye ubaba omdala ompofu ehlezi emuva lapho egumbini, eqhwabaza ngekheyini emhlophe yokuxhugela, kule ntambama, elinde leliduku ukuba libuye. Leyo ngane ilele lapho esibhedlela, evuthiswa umkhuhlane, nomunye elinde ukuyilethela iduku. Vumela amandla kaNkulunkulu uMninimandla onke ahambe nabo, bagcobe ngogcobo olufanayo obeluphezu komhlangano ngale ntambama. Futhi kwangathi bangasinda, Nkosi. Sibanikelela lomkhuleko, ngoba bebengekho. Kodwa Ungosezindaweni zonke. Kwangathi Ungaba lapho ukuba uqinisekise iZwi laKho, ngeGama likaJesu Kristu.

92 Manje vumela uMoya oNgcwele ngokwempela, hhayi idlingozi, hhayi uhlobo oluthile lwethemba elinguhhafu, kodwa isinqumo sangempela sejaji singadluliselwa ngalokhu, lokho engikubiza ngalentambama, "inkantolo." Kwangathi ngamunye wabo anganikeza ubufakazi obufanayo, njengoba bethatha ikhadi labo lomkhuleko bese bebamba izandla zabo, lapho benqamula emsamo. Kwangathi, uma bene...bekhonziswa ngokwesahluko 16 sikaMarku oNgcwele, "Bayakubeka izandla zabo phezu kwabagulayo, futhi bayakusinda." Njengoba inceku yaKho ekhethiwe imile lapha futhi sibeka izandla zethu phezu kwabo, Nkosi, kwangathi ingaxazulula phakade. Kwangathi bangaphuma lapha bejabule impela nje, futhi bakhohlwe ukuthi bake baba nayinoma yiziphi izinkathazo, ngoba baqinisekile,

njengoba uAbrahama wayenjalo, ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ukwenza izithembiso Azenzile. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

Ng'yamMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Futhi wang'thengel'insindiso
Emthini waseKhalvari.

93 Bangaki onesinqumo sakho sejaji na? Phakamisa isandla sakho, "Nginesinqumo sami sejaji." Kulungile, nkantolo, nizokhonziswa ngokweZwi eliNgcwele likaNkulunkulu, "Lezi zibonakaliso ziyobalandela abakholwayo." Angizukunishiya nihlezi lapha, nicabanga lokho nje ngoba lesi sipho, ukuthi lokho kwenza wonke umuntu abe ngaphezulu kwanoma ubani omunye. Ninabelusi abesaba uNkulunkulu lapha. Balapha, sizobacela ukuba bame nami emsamo. Bazobeka izandla zabo ngendlela efanayo nami. Basilethe lapha, futhi balapha njengowenu . . . njengofakazi bakaNkulunkulu. Bayafakazela iQiniso. Manje, abakwazi ukuthi, "Mfowethu Branham wabeka izandla," ngoba izandla zami azikho ngaphezu kwezabo noma ezomunye umuntu. Kungukukholwa lwakho, isinqumo sakho sejaji osedlulisile eZwini likaNkulunkulu. UNkulunkulu uyagcina! Futhi uma uNkulunkulu engakwazi ukugcina leyo ngxenye yeZwi futhi akufakazise kuwe, khona-ke usuphulukisiwe kakade, ngoba ngemivimbo yaKhe wena waphulukiswa.

94 Manje, ngifuna wonke oku*lesi* sigaba ngaphezulu ngapha, onamakhadi omkhuleko, sukuma ngalolohlangothi ngasodongeni. Manje, wonke lowo oku*lesi*sigaba lapha, enamakhadi omkhuleko, sukuma maphakathi kwezikhala zezihlalo bese ubuke emuva ngaleyo ndlela. Futhi bonke oku*lesi* sigaba lapha, onamakhadi omkhuleko . . . Manje, kulesi—lesi sigaba *lapha*, manje phendukelani emuva ngenye indlela manje, buyelani emuva ngale ndlela. Phendukani ngenye indlela, ngoba ngifuna umugqa oqondile. Wonke oku*lesi* sigaba, phumani ngalendlela, nibheke emuva ngaleyondlela. Futhi wonke oku*lesi* sigaba phezulu lapha, onamakhadi omkhuleko, phumani ngalendlela futhi nibheke emuva ngaleyo ndlela, futhi umugqa womkhuleko uzogijima. Wonke osevulandi osesitezi, onamakhadi omkhuleko, ofuna ukukhulekelwa, yehla ngqo phansi bese uwele ngqo ngemuva kwalesisigaba esilandelayo njengoba beza. Ngesikhathi beseza, ngi . . .

95 [UMfowethu Branham ukhuluma nabefundisi emsamo—Umhl.] Nifuna ngibize abanye abefundisi na? Kulungile yini ukunikeza ubufakazi na? Konke, kulungile ngani nonke na? Sithini isinqumo *sakho* sejaji ekuthethweni kwecala na? [Umfowethu uyaphendula, "Ngiyazi ukuthi lezozinto iyiQiniso."] Kulungile.

96 Omelusi ufuna ukwazi, ufuna inhlanganyelo nabanye abefundisi. Bafuna noma yimuphi umfundisi lapha okholwa kuNkulunkulu, futhi okholwa ukuthi ukubeka izandla phezu kwabagulayo, uma isinqumo sabo sejaji kule ntambama, ukuthi yi "Qiniso," banimema njengabasebenza nabo ukuba nize lapha futhi nime emsamo nathi sisakhuleka. Bonke abelusi ogcwaliswe ngoMoya kaNkulunkulu, futhi isinqumo sakho sejaji manje ngukuthi uyakholwa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, uyakholwa ukuthi uMarku 16 uyiQiniso, lababelusi lapha bafuna ukumema wena enhla lapha manje njengosebenza nabo eVangelini. Yenyukela lapha futhi ume emsamo nathi njengoba sakha lemigqa yomkhuleko, ukuba sikhuleke. Khona lapha, benyuseni ngalendlela. Bonke abelusi esakhiweni, kungakhathaleki ukuthi hlelo lini. Bangitshele ukuba nginicele. Yenyukelani lapha uma nithanda ukuza ngalesisikhathi, futhi wakhe lomugqa womkhuleko ukuba ukhulekwe, ukhulekele abagulayo, ubeke izandla phezu kwabagulayo.

97 Bangaki phakathi lapha onge. . .okahle, manje, futhi awudingi ukuba ukhulekelwe, kodwa ningamakholwa, phakamisa isandla sakho. Uzongethembisa futhi ukuthi imikhuleko yenu izobe inyuka nathi belusi ngenkathi sikhulekela laba bantu na? Kuthiwani ukuba lowo bekungumama wakho eme lapho na? Kuthiwani ukuba lowo bekungumkakho na? Kuthiwani ukuba lowo bekungumfowenu noma udadewenu na? Khumbula, ngumama womunye umuntu, kumfowabo womunye umuntu, ngudade womunye umuntu, ngumfana womunye umama noma intombazane, ngowomunye umuntu. Futhi sizokwenza kwabanye njengoba besiyoba nabanye benza kithi. Manje, ngifuna wena, nonke nibe nenhlonipho yokuzithoba futhi nibe semkhulekweni.

98 Futhi ngenkathi benemigqa yabo seyakhiwe cishe manje, lapho bengangena, ngifuna abefundisi manje ukuba beze lapha futhi bakhe umugqa ophindeke kabili ngasohlangothini lomsamo lapha, khona lapha phansi naphezulu *ngale* ndlela, yakha umugqa ophindeke kabili ukuze abantu badlule. Ngizobeka lemaykhrofoni emuva, uMnu. Borders uzoma lapha ehola ngeculo. Kunjalo, imigqa emiwe ngambili phansi naphezulu *ngale* ndlela, ngakho abantu . . .

99 Manje, kini nonke omi emgqeni, ukwenza kuqiniseke kabili kuSathane, umshushisi, ukuthi isinqumo sakho senziwe. Isinqumo sakho sejaji sesedlulisiwe, ukuthi uyakholwa ukuthi uMarku 16 uyiZwi likaNkulunkulu, futhi LiyiQiniso, futhi ufika ngalomugqa ukuba ubekwe izandla phezu kwakho. Futhi kusukela manje kuqhubeke, isenzo sakho sizofakazela ukuthi sibe yini isinqumo sakho sejaji. Phakamisa isandla sakho, bese uthi, "Ngethembisa uNkulunkulu lokho." Wonke okulowomugqa.

100 Manje asikhuleke. Baba wethu waseZulwini, i . . . lababantu, le ntambama, iphathwe njengenkantolo. Ngiyezwa, Nkosi, Ube no—nokuthethwa kwecala kwangempela. UPilatu akazange Akunikeze uhlobo olulungile. Waba nofakazi bamanga. Kodwa Wena wanqoba ufakazi wamanga. U—Ufakazi oVikelayo, uMoya oNgcwele uza ukuqinisa iZwi phambi kwabantu. Ube nokuthethwa kwecala okuhle. Futhi abantu benze isinqumo sabo, badlulisele isinqumo sabo sejaji, bathi, futhi bayedlula ukuzofakazela izwe ukuthi bakholwa ukuthi iZwi laKho liyilokho. Lihunyushwe ngokungesikho. Abanye babo bethi, "Ake ngibone wenza *lokhu*, ake ngikubone wenza *lokho*." Akusikho ngokweZwi laKho. IZwi lathi, "Bayosinda." Futhi silethe ofakazi emsamo, ukufakazela ukuthi yilokho Owakusho. Wenza izinto ngendlela engeyaKho uQobo.

101 Manje, ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzopha lezi zibusiso kule ntambama kubantu. Njengenceku yaKho, nangazo zonke ezinye izinceku zaKho, amakhulu azo lapha, sinikeza umkhuleko wethu kulaba bantu. Gcoba laba befundisi abalungile, Nkosi. Umnqikazi ozoke afike ngapha, noma ongakholwayo, noma uMnu. Angibekezeli, noma omunye walabo bagxeki, abahleki abahleka usulu obekhona kuyo yonke iminyaka, uma bedlula ngakulaba bantu, kwangathi lenkantolo kulentambama ikhale ngokumelene nabo, ubufakazi babo. KuNowa, njengoba kwakunjalo ngezinsuku zikaNowa, njengoba kwakunjalo ezinsukwini zaseSodoma, kokubili ekubhujisweni. Ukuthi bahleka kanjani usulu futhi bahlekisa! Kodwa akwenzanga mehluko, amakholwa abambelela ngqo eZwini. Futhi silungele ukubambelela eZwini kule ntambama, Baba. Ngizihlanganisa mina uqobo nabanye abelusi baKho lapha, ukuba sibeke izandla phezu kwalaba bantu, kwangathi amandla kaNkulunkulu uMninimandla onke, Okungukuthi siyazi ukuthi akhona manje eqinisekisa iZwi, enze ngamunye wabo abe kahle. NgoJesu Kristu iNkosi yethu. Amen.

102 Mfowethu Roy, uma uzoza emsamo. Onke amakhanda ekhotheme manje, wonke umuntu ekhuleka futhi ecula. Uma ungakhuleki, cula u*Kholwa Kuphela*. Njengoba udlula, kholwa nje, udlule. Kungakhathaleki ukuthi uthini noma wenzani, lokho kukuwe. Uma ufuna ukumemeza, memeza. Futhi uma ufuna ukuhamba . . . Kungakhathaleki ukuthi kuyini, kholwa nje nguNkulunkulu. Hamba bese uthi, "Kuxazululiwe enhliziyweni yami." Njengokuthi uye waya echibini ukuba ubhaphathizwe. Lokho kuyakuxazulula, uma ukukholwa. UngumKristu inqobo uma nje ukholwa. Kunjalo na? Futhi uzophulukiswa uma nje ukholelwa. Ake sonke sikhuleke manje. Kulungile, Mfowethu Borders. [UMfowethu Branham ukhulekela abagulayo. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Kholwa kuphela!

Size sibonane! size sibonane!

Size sibonane ezinyaweni zikaJesu;
Size sibonane! size sibonane!
UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

103 Ngikhonzisa iZwi likaNkulunkulu kini. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi ngamunye wenu amukele okucelile. "Uma uthi kulentaba, 'nqukuleka,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwa ukuthi okushiloyo kuzokwenzeka, ungaba nakho okushilo." Uma ukhuleka, kholwa ukuthi wamukela okucelile, futhi niyakunikwa khona. Ngikhonzisa eGameni likaJesu Kristu. Ngikholwa ukuthi isinqumo sethu sejaji senziwe futhi sedluliswa futhi senziwa futhi izenzo zethu zifayakazela manje ukuthi siyakholwa, futhi siyazi ukuthi Uphulukisile. Uma ngingangaphinde nginibone futhi kuloluhlangothi lomfula, ngizohlangana nani ngakolunye uhlangothi. Khona-ke uMoya oNgcwele omkhulu Oye waba isiMenywa sethu kuleliviki, lapha nathi futhi wasikhonzisa, Uzofakaza kuwe khona-ke ukuthi nginitshele iQiniso. Kuze kube yileso sikhathi:

Size sibonane! size sibonane!
UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

Asikhothamise amakhanda ethu manje.

104 Ngokuthula ngempela futhi kamnandi. [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha u *Size SiBonane*—Umhl.]

105 Kwangathi amagagasi okufa angancipha phambi kwenu. Kwangathi uNkulunkulu waseZulwini, Obukhona baKhe sikubo, bunigcine njalo niphephile size sibonane.

UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Ngiyakuthakasela.

